

Iminikelo Yokubonga



NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:

Math. 6:19-21; Efesu 2:8; 1 Petru 4:10; Luka 7:37-47; 2 Kor. 8:8-15; 2 Kor. 9:6, 7.

Indimana Yekhanda:

“Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa, ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade” (Johane 3:16).

UNkulunkulu wethu uNkulunkulu ophayo; leliqiniso elikhulu libonakala ngendlela enamandla emnikelweni kaJesu. “Ngokuba uNkulunkulu wathanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade” (Johane 3:16). Noma kulendimana: “Ngakhoke uma nina eningababi nikwazi ukubapha abantwana benu izipho ezinhle, kakhulu kangakanani uYihlo osezulwini uzakubapha abacela kuye uMoya oNgcwele” (Luka 11:13). UNkulunkulu uyapha, aphe; isimilo saKhe lesa. Ngakhoke, thina esifuna okubonakalisa lesa similo, sidinga ukupha nathi. Kulukhuni ukucabanga into ephikisa lesa similo “njengoKrestu oyigovu.” Enye indlela yokubuyisela lokho esikuphiweyo, iminikelo. Iminikelo yethu isipha ithuba lokuzwakalisa ukubonga nothando. Mhla uJesu eyokwamukela abasindisiwe ezulwini, siyobona labo abamukela umusa waKhe, sibone ukuthi ukuwamukela kwabo kwenzeka ngenxa yeminikelo yethu yokuzidela.

Kuleliviki sizobuka imikhakha ebalulekile yeminikelo. Ukunikela ngokuphana, kungaba yimali, isikhathi, noma amathalente, yindlela enamandla yokuphila ukukholwa kwethu nokwembula isimilo sikaNkulunkulu esimkhonzayo.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Ndasas 3.*

“Lapho Ikhona Ingcebo Yakho”

Funda kuMathewu 6:19-21. Nakuba sizijwayele-nje lezindimana, kodwa singakhululeka kanjani ekuhweni okunamandla yingcebo yomhlaba esibambe ngakho na? Bheka kuKolose 3:1, 2.

Amazwi athi “Ngokuba lapho kukhona ingcebo yakho, nenhliziyo yakho iyakuba khona lapho’ “ (Math. 6:21) ubizo oluvela kuJesus. Isisindo esigcwele salamazwi singabonakala ezindimani ezimbili ezandulelayo, eziqhathanisa ukuqokelela ingcebo yethu emhlabeni, nokuzibekela ezulwini. Kunamagama amathathu achaza izwe: inundu, ukugqwala, namasela (bheka uMath. 6:19), wonke achaza ukuthi ingcebo yethu yasemhlabeni iyadlula futhi eyesikhashana. Ubani ongakaze abone ukuthi okwasemhlabeni kunyamalala masinya kanjani? “Emhlabeni yonke into ayizinzile, ayinasiqiniseko, ayiphephile; ibhekene nokubola, ukonakala, ukwebiwa, nokulahleka. Izulu liphambene nalokhu: konke okwaphakade, kuhlala isikhathi eside, kuphephile, futhi akuboli. Ezulwini akukho kulahlekelwa.”—C. Adelina Alexe, “*Where Your Heart Belongs*,” encwadini ethi *Beyond Blessings*, ehlelwe ngu Nikolaus Satelmajer, (Nampa, Idaho: Pacific Press Publishing Association, 2013), ikhasi 22.

Ake ubuke impahla yakho. Noma ingeningi, kungekudala okuningi kuzolahlwa. Mhlawumbe kungasinda kuphela isipho owasishiyelwa abazali. Kodwa inceku ehlaniphele ifanele izihluphe ngokubekela ingcebo ezulwini, igcineke khona. Lapho, ngokungafani nala, awudingi ukukhathazeka ngenzikantho, amasela, noma amaqola. UMathewu 6:19-21 uphethe enye yezingqikithi ezibaluleke kakhulu zobunceku. Ingcebo yakho iyadonsa, ihluthule, iphoqe, icindezele, ihehe, ifuna ukulawula inhliziyo yakho. Ezweni, inhliziyo yakho ilandela ingcebo yakho, ngakhoke ukuthi ingcebo yakho iphi, kubaluleke kakhulu. Uma silokhu sigxile phezu kwezidingo zomhlaba nenzuzo, yilapho kuzokuba lukhuni ukucabanga ngokwasezulwini. Ukusho ngomlomo ukuthi uyakholwa kuNkulunkulu kodwa ugcine ingcebo yakho la emhlabeni, ukukhohlisa. Izenzo zethu zidinga ukuvumelana namazwi ethu. Ngamanye amazwi, sibona ingcebo yethu emhlabeni ngamehlo enyama, kodwa asibone iminikelo yethu ngokukholwa njengengecebo esezulwini (2 Kor. 5:7). Nakuba-nje sidinga ukuhlinzekela izidingo zethu (nomhlalaphansi), kumqoka ukuthi sihlale sinephakade engqondweni.

Funda kumaHeberu 10:34. Yiliphi iphuzu elibalulekile alenzayo uPawulu lapha ngokuqhathaniswa phakathi kwengecebo emhlabeni nengecebo ezulwini na?

Izinceku Zomusa kaNkulunkulu

Yini enye, ngokwabase Efesu 2:8, esiyinikwe nguNkulunkulu na?

Umusa “ukwenzelwa into ongayifanele.” Yisipho ongasifanele. UNkulunkulu uthulule umusa waKhe phezu kwalomhlaba, kanti uma-nje singawenqabi, umusa waKhe uzosifinyelela, uguqule izimpilo zethu, manje naphakade. Bonke ubucebi namandla ezulu kuhlanganiswe kulesipho somusa (2 Kor. 8:9). Nezingelosi uqobo ziyamangaliswa yilesipho esingaka (1 Petru 1:12).

Akubuzwa: kukho konke lokho uNkulunkulu asinika kona, umusa esiwunikwe ngoJesu Krestu yisona sipho esiyigugu kunazo zonke. Ngaphandle komusa, ngabe asinathemba. Umthelela odabukisayo wesono mkhulu kakhulu ukuthi abantu bangazikhululula kuwona. Ngisho nokulalela umthetho kaNkulunkulu kwakungeke kusilethele ukuphila. “Phoke, umthetho uphambene nezithembiso zikaNkulunkulu na? Qha nakanye. Ngokuba uma wawunikiwe umthetho onamandla okuphilisa, ngempela ukulungisiswa ngakuya ngomthetho” (Gal. 3:21). Phela ukuba kwakukhona umthetho ongasisindisa, kwakungaba umthetho kaNkulunkulu. Uma sifuna ukusindiswa, kuyokuba ngomusa.

Funda ku 1 Petru 4:10. Ubunceku buhlobene kanjani nomusa? Chaza ukuthi ukunikela kuNkulunkulu nokupha abanye abantu kutshengisa kanjani umusa waKhe.

UPetru wathi njengoba samukele isipho somusa kaNkulunkulu, asibe “yizinceku zomusa omninginingi kaNkulunkulu” (1 Petru 4:10). UNkulunkulu usiphe izipho; ngakhoke, sidinga ukupha nathi kulokho esikuphiwe. Esikwamukele ngomusa, akusikho-nje okokuthokozisa thina, kodwa ukuqhubekisa ivangeli. Siphiwe ngesihle (okuyiwona musa lowo); asiphe ngesihle ngazo zonke izindlela.

Cabanga ngakho konke okuphiwe uNkulunkulu. Yiziphi-ke izindlela ongaba yinceku yomusa owuphiwe ngesihle kanje?

Umnikelo Wethu Omuhle Kakhulu

Funda kuLuka 7:37-47. Lendaba isifundisani ngesisusa esifanelekile sokunikela kuNkulunkulu na?

UMariya wangena endlini wabona uJesu eqhiyeme etafuleni. Wavula ibhodlela lamafutha enani elikhulu enadi, wawathela kuYe. Abanye babona leso senzo sakhe njengesingafanekile, ngoba bemazi ukuthi wayephila impilo engahlanzekile. Kodwa uMariya wayekade ekhululwe emadimonini (Luka 8:2). Kwathi ngemuva kokuthi esebone ukuvuswa kukaLazaru, kwachichima ukubonga kuye. Amakha akhe kwakuyiyona-nto eyigugu kunazo zonke ayenazo, kanti kwakuyindlela yakhe yokubonga kuJesu. Lendaba iqukethe lokho okufanele ngempela kube yisisusa sokukhipha kwethu iminikelo: ukubonga. Bekungaba iyiphi enye indlela yokusabela kulesipho esingenakulinganiswa somusa kaNkulunkulu? Ukuphana kwaKhe kusiqhubukusha ukuthi siphane nathi, bese kuthi uma sekuhlangene nokubonga kwethu, kokubili kwenze izithako zeminikelo yangempela, okuhlanganisa isikhathi sethu, amathalente, ingcebo, nemizimba.

Funda kuEksodusi 14:26, Levitikusi 22:19-24, noNumeri 18:29. Noma isimo okukhulunywa ngaso sehlekile kakhulu kunesanamhlanje, yikuphi esingazithathela kona kulezindimana mayelana neminikelo na?

Okuyiyona minikelo yethu emihle ingabonakala sengathi ayenele emehlweni ethu, kodwa ibalulekile emehlweni kaNkulunkulu. Ukunika uNkulunkulu okuyiyona okungcono kutshengisa ukuthi sibeka Yena kuqala ezimpilweni zethu. Asinikeli ukuze senzewe okuthile; kunalokho, sinikela ngesinakho ngoba sibonga esikuphiwe kuKrestu Jesu. “Ukuzinikela okuphelele kanye nokuphana, kuqhutshwa uthando olunokubonga, kuzonika nomnikelo omncane umnikelo wokuzithandela, iphunga elimnandi, kwenze isipho sibe nobugugu obungenakulinganiswa ngemali. Kodwa, uma sesinikele ngokuzithandela kuMsindisi wethu konke esingakunikela, noma kuyigugu elingakanani kithina, uma sibuka isikweleti sethu sokubonga kuNkulunkulu njengoba sinjalo, konke esikunikele kuzobonakala kithina kungenele futhi kukuncane. Kodwa izingelosi zithatha leminikelo, ebonakala iyize kithina, ziyinikele njengephunga elimnandi phambi kwesihlalo sobukhosi, yamukeleke.” — Ellen G. White, *Testimonies for the Church*, vol. 3, ikhasi 397.

Izinhloso Zenhliziyi

Esifundweni esingaphambili siphawule ngendaba yomnikelo wokuphana womfelokazi. Noma wawumncane uma uqhathaniswa neminye iminikelo, kwakungowokuphana ngoba wawutshengisa ubunjalo beqiniso ngesimilo sakhe nenhliziyi yakhe, okwenza uJesu athi: “Ngiqinisile ngithi kini: Lo mfelokazi ompofu ubeke okuningi kunabo bonke” (Luka 21:3). UNkulunkulu yedwa (Jakobe 4:12) owazi izinhloso zethu zangempela (Izaga 16:2; bheka naku 1 Kor. 4:5). Kungenzeka wenze izezo ezinhle, kodwa ngenhloso embi. Ukucaphuna kokuningi sinikele, akuthathi ukukholwa okukhulu, kodwa ukunikela ngokuzidela senzela ukusiza abanye, kungasho okukhulu ngezinhliziyi zethu.

Funda ku 2 Korinte 8:8-15. Ukhuluma ngani lapha uPawulu maqondana nokunikela nesisusa sakho na? Singazithathela ziphi izimiso kulezindimana mayelana nobunceku?

Noma ngabe siyini isisusa sakho sokunikela, sisemgqeni oqala ku “mina” uye ekwenzeni okuhle. Impi kulomugqa phakathi kukamina nokunikela ibambana kaningi ukwedlula ezinye izimpi zasekukholweni. Ukuzicabangela kuyobandisa inhliziyi eyake yavutha ngomlilo kaNkulunkulu ngesinye isikhathi. Inkinga ivela uma sivumela ukuzicabangela kungene empilweni yethu yobuKrestu. Sithola izindlela zokuthalalisa ukuzicabangela kwethu, sikwenze lokhu egameni likaKrestu. Okusalayo, yizwi elilodwa: uthando. Uthando alukwazi ukubonakaliswa ngaphandle kokuzidela, ukuzimisela ukunikela ngawe uqobo, ngendlela yomhlatshele, wenzele abanye.

Ngaphandle kokuthi uthando lukaNkulunkulu lubonakaliswe ezimpilweni zethu, ukunikela kwethu ngeke kubonakalise uthando lukaNkulunkulu. Inhliziyi ezicabangelayo izithanda yona yodwa. Asicele uNkulunkulu “‘asoke ijwabu lenhliziyi yethu’” (Duter. 10:16) ukuze sifunde ukuthanda ngendlela esithandwe ngayo. Uthando, isisekelo sakho konke ukuphana, luyisamba sakho konke ukuphana kobuKrestu. Uthando lukaNkulunkulu uma lubhekiswe kithina, lusifaka ugqozo lokuthi nathi sithande. Yilesa isisusa esiphakeme sangempela sokunikela.

Konakelephi, uma kukhona okonakele, ngomnikelo wokuzithandela okhishwa ngoba umuntu ezwa ingcindezi kunokukhishwa ngothando na?

Ukuzizwela Egazini Ukunikela

Uma uKrestu weza ukuzokwembula isimilo sikaNkulunkulu, kufanele kube khona okukodwa okusikhanyelayo manje: uNkulunkulu uyasithanda, usifunela okungcono kodwa. Uthi asenze lokho kuphela okuzosiza thina, hhayi okuzosilimaza. Lokhu kuhlenganisa nobizo lwaKhe ukuthi sibe abanikela ngokuphana nokuthokoza kulokho esikuphiwe. Iminikelo yokuphana neyokuzithandela esiyikhiphayo ilusizo kithina esinikelayo, njengoba ilusizo nakulabo abayamukelayo. Yilabo kuphela abanikela ngalendlela abazizwela egazini ukuthi kubusiseke kangakanani ukupha kunokwamukela.

Funda ku 2 Korinte 9:6-7. Lezindimana zikubeka ngayiphi indlela ukuthi ukunikela kufanele kube njani na?

Ukukhipha umnikelo wokuphana kungaba, futhi kufanele, kube yisenzo esiqondene nomuntu ngamunye sakwamoya. Umsebenzi wokukholwa, ukubonakalisa ukubonga ngalokho esikuphiwe kuKrestu.

Futhi, njenganoma yisiphi isenzo sokukholwa, ukupha kukhulisa ukukholwa, ngoba “ukukholwa okungenamisebenzi kufile” (Jakobe 2:20). Futhi-ke ayikho indlela engcono yokukhulisa ukukholwa kunokukuphila ukukholwa kwethu, okusho ukwenza izinto eziwumphumela wokukholwa kwethu, eziphuma ekukholweni. Uma sinikela ngokuzithandela nangokuphana, sisendleleni yokubonakalisa isimilo sikaKrestu. Sifunda kabanzi ngokuthi uNkulunkulu unjani ngokuzizwela Yena ngezenzo zethu. Kanjalo, ukunikela kanje kwakha ukwethemba uNkulunkulu nethuba “lokunambitha sibone ukuthi uNkulunkulu muhle; ubusisiwe umuntu othembela kuYe!” (IHubo 34:8 NKJV).

“Kuzobonwa ukuthi inkazimulo ekhanya ebusweni bukaJesu yinkazimulo yothando lokuzidela. Ngaphansi kokukhanya okuvela eKhalvari, kuzobonwa ukuthi umthetho wothando oluzidelayo, umthetho wokuphila womhlaba nezulu; ukuthi uthando ‘olungazifuneli okwalo’ ludabuka enhliziyweni kaNkulunkulu; nokuthi kulowo omnene nothobile kubonakala isimilo saLowo ohlala ekukhanyeni okungekho muntu ongasondela kukona.” –Ellen G. White, *The Desire of Ages*, ikhasi 20.

Yiziphi izindlela ozizwele ngazo ukuthi ukunikela ngokuzithandela nokuphana kulokho okuphiwe, kukhulisa ukukholwa?

Ukujula Nomcabango: “Umoya wokuphana, umoya wasezulwini. Umoya wobugovu, umoya kaSathane. Uthando lukaKrestu lokuzidela lubonakaliswa esiphambanweni. Wanikela ngakho konke anakho, waze wazinikela Yena uqobo, ukuze umuntu asindiswe. Isiphambano sikaKrestu sibiza kuwo wonke umlandeli ophanayo woMsindisi obusisekile. Umthetho esiwubona lapho owokupha, uphe futhi. Uma lokhu kwenziwe ngenhloso yokusiza nangemisebenzi emihle, kuyisithelo sempilo yobuKrestu. Umthetho wabasezweni ukuzifunela, ukuzifunela njalo, ngaleyo ndlela bacabanga ukuthi bazothola injabulo; kodwa isithelo usizi nokufa.”—Ellen G. White, *Adventi Review and Sabbath Herald*, Oct. 17, 1882.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Yini lena esebugovini eyenza kuphambane kangaka nomoya kaKrestu na? Yiziphi izinto esingazenza ngenhloso ukuzivikela kulesimo esizenzekelayo kithina bantu benyama?
2. “Yilowo nalowo anikele njengalokho azikhethele khona enhliziyweni, kungabi ngokudabuka nangokucindezelwa, ngokuba uNkulunkulu uyamthanda onikelayo ethokoza” (2 Kor. 9:7). Igama lesiGriki elihunyushwe ngokuthi “ethokoza” livela kanye kuphela eTestamenteni eliSha, kanti liyigama esithola kulo elesiNgisi elithi “hilarious” (ukwenama). Lokho kufanele kusitsheleni ngesimo sethu somqondo uma sinikela na?
3. Enza uhlu lwakho konke okuphiwe kuKrestu. Thandaza ngalokho okubhalayo. Kufanele lukufundiseni loluhlu ngokuthi kufanele sinikele njengalokho esiphiwe kona? Khona manjalo, lukufundisani uhlu lwakho ngokuthi ngisho neminikelo yethu emihle kakhulu esiyinikela ngezinhloso ezinhle, ingabonakala ingelutho uma kuqhathaniswa nalokho esikwamukele?
4. Kungani ubugovu kuyindlela eqinisekile yokukwenza ungabi nenjabulo na?
5. Cabanga ngomunye osebandleni lakho njengamanje, oswele. Yini ongayenza khona manje, engaba lusizo kulowo noma labo? Ungenzani, noma ngabe kudingeka uzidele ngendlela ebuhlungu na?